



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPA LOKUQALA (P1)**

**IMEMORANDAMU**

**NOVEMBA 2015**

**AMAMAKI: 80**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-7.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 Ngonyaka we-1983. (1)
- 1.1.2 Wayedume ngokudansa umdanso we-Ballet. (1)
- 1.1.3 Kwakufanele ayohlinza isiguli esasinekhensa esibhedlela/ kwakufanele aye emsebenzini. (2)
- 1.1.4 Ezimbili/(2) (1)
- 1.1.5 UNolly wawa bhu phansi esesiteji/Umama kaNolin washona engozi yemoto. (2)
- 1.1.6 Ubaba wakhe wabashiya uNollin enonyaka owodwa vo/ waphindela eMexico ngoba wayengowokuzalwa khona. (2)
- 1.1.7 Wayehlanganise i-Ballet nomdanso waseMexico. (2)
- 1.1.8 Isihlonipho/Ukuhlonipha. (1)
- 1.1.9 (a) Kwashaywa izandla kakhulu/kwabanga umsindo okhombisa injabulo (2)  
(b) Umntwana ufuza abazali bakhe ngobuhle noma ngobubi. (2)
- 1.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:  
  
Washiywa nguyise esemncane.  
Washonelwa ngumama.  
Wahlupheka esehlala noyise/wahlukunyezwa uyise  
Wayengenabo abangani uma efika eMexico. (2)
- 1.1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:  
  
UNollin wabuyela emdansweni.  
Wangenela umncintiswano wonyaka eMexico.  
Wawina iNdebe yoMhlaba emncintiswaneni wokudansa  
owawungonyaka wezi-2002  
Waduma umhlaba wonke.  
Wamfundisa ukuhlanganisa imidanso. (4)
- 1.1.12 Yebo wayekwazi ngoba:  
Wakwazi ukufundisa uNollin umdanso waseMexico.  
Waba ngumqequeshi wakhe esedansa ezingeni eliphakeme. (2)

- 1.2      1.2.1     Ukuthumela umyalezo omfishane ngomakhalekhukhwini/ngeselula.      (2)
- 1.2.2     Yindlela ambuka ngayo/Ubuso bukhombisa ukucasuka/ukudinwa.      (1)
- 1.2.3     B/ukuba nemali eningi.      (1)
- 1.2.4     Izimpendulo ziyokwehluka:  
                        Ngangiyosukuma ngimshiye.  
                        Ngangiyomcela ukuthi awubeke umakhalekhukhwini/iselula yakhe.  
                        (Nokunye okunembayo)      (2)

**AMAMAKI ESIQEPU A:**      **30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu liliyelwa imaki ellodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ukusethenziswa kahle koLimi.
  - Isamba samamaki yi-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusethenziswa Kolimi Uma Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyelisa ngemaki eli-1.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyelisa ngamamaki ama-2
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyelisa ngamamaki ama-3.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okustsheziwa Kolimi Uma Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo:**
  - 6-7 amaphuzu alikho imaki lolimi
  - 1-5 amaphuzu uthila imaki eli-1lolimi
- **Ukubalwa Kwamagama:**
  - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
  - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlana ngaphezu kwasibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efigqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile inikezwa wonke amamaki.

**Amaphuzu angabhekwa:**

	<b>Amaphuzu Alindelekile</b>		<b>Amaphuzu acashunyiwe</b>
1.	Inja iyamsiza umnikazi wayo ngokubanga umsindo uma esenkingeni ukuze abantu babone okwenzekayo.	A	Umnikazi wayo uma evelelwa ingozi iyakhokotha.
2.	Inja iyakwazi ukuthungatha umkhondo womuntu ofunwayo.	B	Amaphoyisa ayazisebezisa izinja ukufuna umuntu olahlekile.
3.	Ziyagada emakhaya ukuze kungangeni izigebengu ezizontshontsha.	C	Imizi eminingi ifuye izinja ukuze zigade amakhaya angagqekezw kalula.
4.	Ziyasetshenziswa ukuzingela izinyamazane.	D	Kukhona izinja ezifuyelwa ukuzingela.
5.	Abantu abangaboni basizwa yizinja ukuze bakwazi ukuya lapho befuna ukuya khona futhi bangalimali.	E	Kukhona izinja ezifuyelwa

6.	Izinja eziqeqliwe ziyakwazi ukuqoqa nokulanda amaphepha uma efika ngeposi.	F	Izinja ziwusizo olukhulu emphakathini kubantu abangaboni emehlweni abayizimumputhe.
7.	Amaphoyisa ayazisebenzisa uma efunu ukuthola izidakamizwa kanye namabhomo afihliwe.	G	Ziyasetshenziswe futhi nokuhogela izidakamizwa kubantu nasezimpahleni.

**AMAMAKI ESIQEPU B:** 10**ISIQEPU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI****INDLELA YOKUMAKA:****1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:**

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
- Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
- Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.
- Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.

2. Emibuzweni lapho umfundsi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: UThoko noma A (okuwahlamvu oluphelele).

**UMBUTO 3****3.1 OKUKUKODWA kwalokhu okulandelayo:**

UMaskandi  
I-Jazz  
I-Hip-Hop  
Owokholo  
Isicathamiya (1)

**3.2 Izinsuku ezintathu/Izinsuku ezi-3** (1)**3.3 B/Umculo** (1)**3.4 Ukuthenga ithikithi e-Computicket.** (1)**3.5 ABABILI kulaba abalandelayo:**

Isidingo Cash and Carry  
Buya Building Constructions  
Amandla Tavern  
Ubisi Livestock (2)

- 3.6 Ofunda isikhangisi usheshe abone ukuthi kukhangiswa ngani/ukugqamisa isikhangisi/ukuheha abantu. (2)
- 3.7 Izimpendulo ziyokwehluka:  
Isibonelo: Abantu bayahlupha/bayalwa uma sebephuzile.  
Budayiswa ngaphakathi.  
(Nokunye okunembayo) (2)  
**[10]**

#### UMBUZO 4

- 4.1 uMpho. (1)
- 4.2 Uwucoshe phansi ekilasini/Awuthole phansi. (1)
- 4.3 4.3.1 lo/lona  
4.3.2 lowo (2)
- 4.4 Uthisha uzama ukugcizelela inkulomo yakhe/akushoyo kubafundi.  
(Nokunye okunembayo) (2)
- 4.5 Izimpendulo ziyokwehluka.  
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:  
Kungabanga ikhensa yamaphaphu.  
Kungenza umuntu antshontshe uma engenayo imali yokuthenga ugwayi.  
Kuyangenana, umuntu angabe esakwazi ukuyeka ugwayi.  
Kudala iphunga elibi emzimbeni nasemlonyeni wobhemayo.  
Kuhlukumeza nabaseduze kobhemayo bebe bengabhemi bona.  
(Nokunye okunembayo) (2)
- 4.6 Yebo akamesabi ngoba wakwazi ukukhomba uMpho ngaphandle kokunanaza abanye abafundi besaba. (2)  
**[10]**

#### UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Abantu bayaphuza kakhulu. (1)
- 5.1.2 Dkt. (1)
- 5.1.3 Ukwenzasamuntu/Isenzasamuntu/ihaba (2)
- 5.1.4 Abantu bahlala ezitaladini **zedolobha/zasedolobheni** ngenxa yotshwala. (1)
- 5.1.5 Nya.  
Isibonelo. Izinyembezi ziyokwesulwa **nya** mhla safika ezulwini. (2)
- 5.1.6 B/ephoqayo. (1)

- 5.1.7 Izithelo. (1)
- 5.1.8 Kukhona izingane eziphuza njalo ngo**Mgqibelo** kusukela ngehora lesi-7/**lesikhombisa** ebusuku kuze kuse. (2)
- 5.1.9 Isibonelo: Ngiyajabula ngoba ngeSonto ngiyashada. (2)
- 5.1.10 Ejele. (1)
- 5.2 5.2.1 Umuzwa wokucasuka/wokuthukuthela/wokudinwa. (1)
- 5.2.2 Inkolelo engaguquki. (2)
- 5.2.3 D/ingubo enhle kakhulu. (1)
- 5.2.4 Phela uyayidla indwangu futhi uyisimomondiya. (2)
- AMAMAKI ESIQEPU C:** 40  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2015**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-15.**

**IMIYALELO KWABAHOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPU EZINTATHU:

ISIQEPU A:	Isivivyo sokuqondisia	(30)
ISIQEPU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
2. Fundisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhansi ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPU A:	Imizuzu engama-50	(30)
ISIQEPU B:	Imizuzu engama-30	(10)
ISIQEPU C:	Imizuzu engama-40	(40)
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Fundisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Ofundwayo)****IMPILO KANOLLIN**

UNollin wazalelwa eMelika, e-New York ngonyaka we-1983. Umama wakhe wayengudokotela kuyo le ndawo. Wabe enolwazi olubanzi ngezifo ezingalapheki. Ubaba wakhe wabashiya uNollin enonyaka owodwa vo, waphindela eMexico ngoba wayengowokuzalwa khona. Umama kaNollin wenza konke okusemandleni ukuze ikusasa lendodakazi yakhe libe lihle.

Le ntombazane yayithanda kakhulu umdanso we-Ballet. Ngonyaka we-1999 uNolly njengoba ayebizwa kanjalo uma bemdlalisa, wangenela umncintiswano (competition) omkhulu womdanso. Ngenxa yomsebenzi, umama wakhe wayengeke aphumelele ukuyombukela edansa emncintiswaneni ngoba kwakufanele ayohlinza isiguli esasinekhensa esibhedlela. Akazange apha theke kahle uNollin ngoba umama wakhe wayengeke ambone edansa. Waphatethka kabi kakhulu waze wafisa nokungayi emncintiswaneni. Yayingekho into ayengayenza ngoba kwakufanele enze umsebenzi wakhe kanti nempilo yesiguli yayibalulekile. Umndeni walesi siguli wabe ubeke ithemba lawo kuye.

Wafika uNollin ehholo, waqala umncintiswano. Washo umculo. Wangena esiteji uNollin waqalaza umama wakhe, akazange ambone. Phela wayenethemba lokuthi mhlawumbe kube noshintsho uma efika emsebenzini wakwazi ukuzombukela. Ngebhadi/Ngeshwa umama wakhe wayengabonwa. **Kwaduma ihlombe** abantu bejabulela ukungena kukaNolly esiteji. Waqala ukudansa, wazisonta, waya phezulu waya phansi. Udansa nje inhliziyu yakhe yayingekho emdansweni ngoba wayecabanga ngomama wakhe. Kwathi abantu besathathekile ngomdanso wakhe wawa bhu phansi. Abantu basukuma kwaba nomsindo omkhulu bemangele, imenenja yakhe yaphuthuma kuye. Yambuza ukuthi kwenzanjeni. Akazange aphendule wavele wakhala izinyembezi. Bonke abantu badumala bebona lokhu.

Kuthe kusenjalo wathola umyalezo owawuthi akaphuthume esibhedlela ngoba umama wakhe wayeselimele engozini yemoto. Wangena nezicabha esibhedlela kodwa kwakungasasizi lutho ngoba akabange esamfica, **wayesethule**. Watshelwa ukuthi umama wakhe ulimale ephuthuma ukuyombuka edansa. Wabona ukuthi wayefuna ukumjabulisa ngokuza emdansweni. Wazibona engumuntu omubi ozicabangela yena kuphela. Kusukela ngalelo langa uNollin wathatha isinqumo sokuthi angeke aphinde adanse empilweni yakhe.

Akabange esathanda ukuhlala e-New York. Wahamba wayohlala nobaba wakhe eMexico. Kwaba nzima ngoba wayengenabo abangani kulelo zwe. Babehlala ngokuxabana njalo nobaba wakhe ngoba wayemsola ngokuthi ukudansa kwakhe yikho okwenza ukuthi umama wakhe abe sengozini yemoto. Wayecasulwa ukuthi sekufanele ahlale naye kanti yena wayeziphilela impilo yakhe. Kwakuthi njalo uma ubaba wakhe esephuzile amshaye amxoshe athi akaphindele e-New York. UNolly wagcina esesebenza wazitholela indawo yakhe yokuhlala.

Emva kwesikhashana uNolly wathola umngani, uDilo. Babehamba ndawonye ezindaweni zokuzijabulisa. UDilo wamfundisa imidanso namasiko angakubo eMexico. Ubungani babo bakhula bafika kwelinye izinga. UNolly wayemethemba umngani wakhe waze wamxoxela nangaye kanye nomndeni wakhe. Wamxoxela nesizathu sokushona kukamama wakhe. UDilo wameluleka ngokuthi angazibeki icala ngokushona kwakhe, akaqhubeke nempilo. Wamkhuthaza ukuthi akaphindele emdansweni. Emva kwesikhathi wabuyela. Waqala ukuzilolonga njalo uma ebuya emsebenzini.

Wangenela umncintiswano womdanso wonyaka eMexico. Wadansa ngendlela emangalisayo. Bonke abantu babetthathekile, bemangele, babengakaze babone umdanso oseqophelweni/osezingeni eliphezulu kangaka. Wayekhipha olunye unyawo ngokuhlanganisa *i-Ballet* kanye nomdanso waseMexico.

UNollin waduma umhlabu wonke. Wawina iNdebe yoMhlabu emncintiswaneni wokudansa owawungonyaka wezi-2002. Kwathi ngonyaka wezi-2005 washada noDilo. UDilo waba ngumqeqli omusha nemenjenya yakhe. Bathola abantwana ababili nabo babengompetha emdansweni njengomama wabo. Impela **ukhamba lufuze imbiza**.


[Icashunwe emdlalweni *i-The Last Dance* yabe isihlelwa kabusha]

- |       |  |     |
|-------|--|-----|
| 1.1.1 | Wazalwa nini uNollin?  | (1) |
| 1.1.2 | Yini ayedume ngokuyenza uNollin?   | (1) |
| 1.1.3 | Umama kaNollin wayengeke aphumelele ukuyombuka edansa emncintiswaneni. Bhala isizathu esasenza ukuthi angaphumeleli. | (2) |
| 1.1.4 | Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele emshweni olandelayo:<br><br>UDilo noNollin babenezingane ezi ...               | (1) |
| 1.1.5 | Yisiphi isigameko esenzeka ngesikhathi kuqhubeka umncintiswano?  | (2) |
| 1.1.6 | Tomula umusho endaben ositshela ukuthi abazali bakaNollin behlukana.   | (2) |

- 1.1.7 Yini eyayenza umdanso kaNollin wehluke ngesikhathi edansa eMexico? (2)
- 1.1.8 Igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo liquethe hlobo luni Iwesifengqo?
- Akabange esamfica, **wayesethule.** (1)
- 1.1.9 Bhala incazelo yezimo zokukhulumu ezilandelayo:
- (a) Kwaduma ihlombe. (2)  
(b) Ukhamba lufuze imbiza. (2)
- 1.1.10 Yibuphi ubunzima uNollin ahlangabezana nabo empilweni yakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.1.11 Ukuhlangana kukaNollin noDilo kwaba namuphi umthelela ethalenteni likaNollin lokudansa? Bhala amaphuzu AMABILI. (4)
- 1.1.12 UDilo wayekwazi ukudansa. Sekela lesi sitatimende. (2)

1.2      Bukisia lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

### **UMBHALO B (Obukwayo)**



Namuhla usuku lukaSdumo lokuzalwa. UBusi umkhiphile bayodla idina/isidlo sakusihlwa erestorenti eyaziwa kakhulu ngokuhanjelwa ngabantu abadla izambane likapondo wamthengela nesipho. USdumo selokhu befikile erestorenti uya-SMSa akamnakile.

[Isithombe sicashunwe ku-Bona 2014]

- 1.2.1      Ukwenzanjeni uku-SMSa? (2)
- 1.2.2      Yini ekhombisa ukuthi uBusi akayithandi le nto eyenziwa uSdumo? (1)
- 1.2.3      Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:  
  
Ukudla izambane likapondo: Lesi simo sokukhuluma shiso:  
  
A    Ukuthandana  
B    Ukuba nemali eningi  
C    Ukuba isifundiswa  
D    Ukuba nomakhalekhukhwini (1)
- 1.2.4      Ukuba wawunguBusi wawuzokwenzanjeni kulesi simo? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisa lesi siqeshana esingezi esikhulumu ngokubaluleka kwezinja bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Bhala ngamagama akho.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C****UKUBALULEKA KWEZINJA**

Inja yisilwane esibalulekile emphakathini. Iyakwazi ukuqeleshwa/ukufundiswa ukuze isize ezimweni ezehlukene. Abanye abantu abazithandi izinja ngoba ziyangcolisa, ziyizindleko futhi zibanga umsindo.

Inja ingumngani weqiniso kumnikazi wayo, iyamazi ngisho ephakathi kwabantu abanangi. Umnikazi wayo uma evelewa yingozi iyakhonkotha ukuze babone abanye abantu ukuthi kukhona inkinga ekhona banikeze usizo. Inja inothando lweqiniso ngisho umnikazi engayithengeli ukudla kodwa uma efika iyamjabulela.

Amaphoyisa ayazisebenzisa izinja ukufuna umuntu olahlekile. Ziyaye zinukiswe impahla yalowo muntu olahlekile khona zisolazi iphunga lakhe. Ziyasetshenziswa futhi nokuhogela/ukunuka izidakamizwa kubantu naseimpahlensi. Izinja ezifundiswe kahle zikwazi ukuhogela izidakamizwa kanye namabhomu.

Imizi eminingi ifuye izinja ukuze zigade amakhaya angagqekezwa kalula. Kukhona izinja eziluma ngempela, isigebengu singacabangi ngisho ukungena kulowo muzi. Kukhona izinja ezifuyelwa ukuzingela, eziluhlobo olungakhuluphali olubizwa ngama-Greyhound. Lezi zinja zinde zinejubane elishiya isithunzi. Ziyakwazi ukujaha izinyamazane nonogwaja.

Izinja ziwasizo olukhulu emphakathini kubantu abangaboni emehlwani, abayizimpumputhe. Lezi zinja ziyafundiswa ukuze zikwazi ukusiza loyo ongaboni. Umuntu ongaboni emehlwani akehlukani nenja yakhe, baba ngamathe nolimi. Iyamsiza uma esengozini.

Kukhona ezifundiswa ukuthunywa njengabantu. Uma kufika incwadi yeposi noma iphephandaba ziyalilanda zililethe endlini. Ezinye ziyoqa izinto zizibeke ezindaweni zazo.

Kukhona izinja ezaziwa ngokuhlakanipha ezibizwa ngokuthi ama-German Shepherd. Abanye bahlanganisa olunye uhlobo nalezi ezihlakaniphile ukuze zizalane zande. Lokhu kuyasiza ngoba aluluningi lolu hlobo lwezinja ezihlakaniphile.

Kubalulekile ukuthi izinja zinakekelwe kahle, uma zigula ziyiswe kodokotela bazo ukuze ziphile isikhathi eside. Izinja zifana nelungu lomndeni yingakho zinikwa amagama.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

3.1      Bukisia lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**



**INDUMEZULU                    YEKHONSATHI**  
**LOMCULO**

**Thenga ithikithi lakho manje, uthole ukudla kwendlebe!**

**Woza nomndeni, abangani nozakwenu nizothamela umculo onhlobonhlobo.**


**UMASIKANDI - I-JAZZ - IHIP-HOP - OWOKHOLO - ISICATHAMIYA**

**INDAWO:**  
 Ingwe Dam, eJozini

**ISIKHATHI:**  
 Iqala ngehora le-9 ekuseni  
 Iphele ngehora le-11 ebusuku

**Kuboshelwe Izinkakha Zomculo.**





26–28 kuDisemba 2015



**PHUTHUMA E-COMPUTICKET UNGASALI!**

**LELI KHONSATHI LIHLELWE YINKAMPA NI YASEJOZINI YEZOKUNGCEBELEKA**

**ABAXHASI BEKHONSATHI :**

ISIDINGO CASH AND CARRY  
 BUYA BUILDING CONSTRUCTIONS  
 AMANDLA TAVERN  
 UBISI LIVESTOCK

Imithetho Nemibandela  
 Abuvumelekile utshwala.  
 Amathikithi awatholakali esangweni.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 3.1 Bhala uhlobo OLULODWA lomculo oluzoculwa ekhonsathini ekhangiswayo. (1)
- 3.2 Leli khonsathi izothatha izinsuku ezingaki? (1)
- 3.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo sisho:

Thenga ithikithi lakho manje, uthole **ukudla kwendlebe!**

- A Inkulumo
- B Umculo
- C Umdanso
- D Umthandazo

(1)

- 3.4 Yini okufanele uyenze uma ufunya kule khonsathi? (1)
- 3.5 Obani abasize inkampani yezokungcebeleka ukuthi iphumelele ukwenza le khonsathi? Bhala ABABILI. (2)
- 3.6 Ukusetshenziswa kwezithombe kulesi sikhangisi kunamthelela muni? (2)
- 3.7 Ngokucabanga kwakho yini eyenza ukuthi kube nombandela othiabantu bangangeni notshwala? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**

[Sicashunwe ku-[www.cartoons.com](http://www.cartoons.com)]

- 4.1 Ngubani ofike nogwayi ekilasini? (1)
- 4.2 Uwuthole kanjani uthisha ugwayi? (1)
- 4.3 Gcwalisa leli thebula lesabizwana sokukhomba elilandelayo:
- | Eduze     | Buqumama  | Kude   |
|-----------|-----------|--------|
| 4.3.1 ... | 4.3.2 ... | Iowaya |
- (2)
- 4.4 Ukusetshenziswa kophawu Iwezibabazo enkulumweni kathisha kunamthelela muni kubafundi? (2)
- 4.5 Ngokucabanga kwakho ukubhema ugwayi kuletha ziphi izinkinga empilweni yomuntu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 4.6 USindi akamesabi uMpho. Sekela lesi sitatimende. (2)
- [10]**

**UMBUZO 5**

- 5.1 Fundisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

Utshwala bulibulele izwe. Kungani abantu bephaza utshwala kangaka? Abantu baphuza kakhulu kusukela ekuseni. Abanye baphuza kusukela **isonto** liqala lize liyophela. Kukhona izingane eziphuza njalo ngomgqibelo kusukela ngehra lesi7 ebusuku kuze kuse. Izikole kufanele zifundise abafundi ngengozi yokuphuza utshwala. Banningi abantu abalahlekela imisebenzi ngenxa yokuphuza. Kukhona abantu asebehlala ezitaladini ngenxa yotshwala. Utshwala bubulala ikusasa lakho. Umuntu ophuze utshwala wenza izinto ezimbi. Abanye bagcina bengene etilongweni kuphele ngekusasa labo.

Odokotela bakhuthaza ukuthi abantu baphuze amanzi ngoba anempilo. Kufanele badle ama-olintshi, ama-aphula, obhana namapentshisi. Izifo eziningi zingaphela nya ngokuphuza amanzi. Yonga imali uphuze amanzi.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1.1 Bhala lo musho olandelayo ukhombe inkathi yamanje eqhubekayo.

Abantu baphuza kakhulu. (1)

- 5.1.2 Bhala isifinyezo/isifinyezi segama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

**Odokotela** bakhuthaza ukuthi abantu baphuze amanzi ngoba anempilo. (1)

- 5.1.3 Bhala uhlobo lwesifengqo oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Utshwala bulibulele izwe. (2)

- 5.1.4 Guqla/Shintsha igama elikubakaki libe ongumnini/ubumnini.

Abantu bahlala ezitaladini (idolobha) ngenxa yotshwala. (1)

- 5.1.5 Tomula isenzukuthi esiqeshini esingenhla bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.

(2)

5.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isenzo esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo sikuyiphi indlela?

**Yonga** imali, uphuze amanzi.

- A Indlela yamandla
- B Indlela ephoqayo
- C Indlela esabizo
- D Indlela eyamile/encikile

(1)

5.1.7 Bhala ibizoqoqa esikhundleni sala magama abhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Kufanele badle **ama-olintshi, ama-aphula, obhanana namapentshisi.**

(1)

5.1.8 Lungisa amaphutha emshweni olandelayo:

Kukhona izingane eziphuza njalo ngomgqibelo kusukela ngehora lesi7 ebusuku kuze kuse.

(2)

5.1.9 Sebenzisa igama **isonto** emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini.

(2)


5.1.10 Bhala igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Abanye bagcina bengene **etilongweni** kuphele ngekusasa labo.

(1)

5.2      Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela:

### **UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**



[Sicashunwe ku-[www.pictures.com](http://www.pictures.com)]

5.2.1      Igama elithi: Nx! Livusa muphi umuzwa? (1)

5.2.2      Hlobos luni lwenkolelo oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Amantombazane ayathanda ukuhleba. (2)

5.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokuggamile emshweni olandelayo sisho ukuthi:

Hhayi suka Zowi, **yingubo kanokusho le!**

- A Yingubo ebolekiwe
- B Yingubo eshile
- C Yingubo enkulu kakhulu
- D Yingubo enhle kakhulu

(1)

5.2.4 Tomula umusho onamazwi akhombisa ukuncoma kule nkulumo yamantombazane.

(2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPU C:** **40**  
**AMAMAKI ESEWONKE:** **80**



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2015**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-13.**

**ISIQEPHU A: INOVELI****KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu****UMBUZO 1**

- 1.1 Izinyanga ezintathu. (1)
- 1.2 Ehositela. (1)
- 1.3 Wabona amadoda amane ebambe enye indoda ngezandla nemilenze eyiphonsa emgodini. (2)
- 1.4 • Wayesabela impilo yakhe/babezombulala. (2)  
• Bambona kodwa yena akabazi. (2)
- 1.5 C/Ukubaleka. (1)
- 1.6 UMaNdlovu/uNtombi. (1)
- 1.7 KwakuseMsinga. (1)
- 1.8 Okubili kokulandelayo  
Sasisihle:  
 • Babedla ndawonye.  
 • Babecula beshaya ingoma.  
 • Babexoxa izindaba zasemakhaya.  
 • Babefunda izincwadi ezivela ezintombini. (2)
- 1.9 Awazange awabize amakhosikazi abo emhlanganweni abathatha kuwo isinqumo sokuhlalisa abazali babo ngokwehlukana. (2)
- 1.10 Basizwa uMfundisi Zakwe/Indodana kaZakwe abahlangana nayo eMnambithi ngokubanikeza indawo yokulala nemali yokugibela. (2)
- 1.11 Simveza njengomumtu ohlulekayo ukuthatha izinqumo njengenkosana kaManyoba. (2)
- 1.12 Wawahlambalaza ngokutshela abantu ababeze emcimbini wabo ukuthi amadodana abaphatha kanjani emizini yawo/Akazange awabele/awashiyele lutho efeni lakhe. (2)
- 1.13 Ukufundisa ngomlando nangezimo abantu abahlangabezana nazo ezindaweni ezahlukene empilweni nasezindaweni zokusebenza. (2)
- 1.14 Izimpendulo ziyokwehluka:  
Isibonelo:  
  
Njengomuntu wesifazane wayengabathatha ahlale nabo abatholele nosizo lokuthola impesheni yabo. (2)

1.15 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Azibanki abazali bazo uma seziphumelele.
  - Azifuni ukunika abazali imali/ukubondla.
  - Azibekeleleli uma besezinkingeni.
  - Azikwazi ukuba nesikhathi nabazali bazo.
- (nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundu)

(3)

1.16 • UManyoba wagcina esephila kahle emva kokuhlupheka.  
• Wabela abazukulu ifa lakhe wangawanika lutho amadodana akhe.

(2)

1.17 1.17.1 C Babevela emakhaya noManyoba.

1.17.2 D Waxoshwa efemini.

1.17.3 E Umzukulu kaManyoba noMaNdlovu.

1.17.4 A Wayenamakhosikazi amabili.

1.17.5 B Indodana kaManyoba.

(5 x 1)

(5)

**[35]**

## **NOMA**

### **UMBUZO 2: UMSHADO – N Zulu**

2.1 Wayeyobheka uBhekani/Wayeyolanda uBhekani (1)

2.2 uPamella (1)

2.3 Izinyanga eziyisithupha (1)

2.4 Wamtshela ukuthi ukhulelw/uzethwele (1)

2.5 Uyagodola uBheki wuvalo/Kube sengathi ubanwa ugesi. (2)

2.6 C/ukuba senkingeni (1)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wake wangena esilingweni.
- Wayezifikela kubo kaBheki engabizwanga.
- Wayengayi/Wayelova emsebenzini azohlala kubo kaBheki.
- Wathola ingane engashadile.

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi)

(2)

2.8 Yilapho aphupha khona ubaba wakhe sengathi ungenisa abantu esangweni kodwa kwathi uma kufika intokazi yezingubo ezimnyama wavimba uyise/Waphupha uyise exosha owesifazane ogqoke izingubo ezimnyama ngomkhonto.

(2)

- 2.9 Washisa impepho ngaphambi kokuba abakhongi bahambe bayolobola.  
(Nokuye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)
- 2.10 Wavuka ekuseni waya emzini kamalume wakhe eyombheka/Wathumela abakhongi ukuyolobola. (2)
- 2.11 Izeluleko EZINTATHU kwezilandelayo:
- Ukuthi amhlolisise bazane kahle noTholi ngaphambi kokuba amshade.
  - Ukuthi aqale abone ukuthi izingubo ezimnyama azigqokile uTholi akuyona yini inzilo.
  - Ukuthi ambuze ukuthi usebenzaphi.
  - Ukuthi alungise ukungezwani kukaTholi nomama wakhe.
  - Ukuthi ufunde wagcinaphi.
  - Ukuthi azi ngemvelaphi yakhe.
  - Akahlolisise ukuthi uTholi noPamella bahlangene ngani.
- 2.12 Isibonelo ESISODWA kwezilandelayo:
- Kulapho uBhekani elwa noBhatomu emjondolo kaTholakele.
  - Kulapho uBhekani ehlaselwa izinsizwa ezintathu ngeketanga ebusuku endleleni eya kubo.
  - Kungesikhathi ejahwa yizinsizwa ezazihamba ngemoto ebomvu ephuma ukuyovakashela uTholi esibhedlela.
- 2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abantu bakhona babazana bonke.
  - Abantu bakhona bathanda/bayazazi izindaba zabanye abantu.
  - Abantu bakhona bayathanda ukulwa.
  - Abantu bakhona badla izidakamizwa.
  - Abantu bakhona baykwazi ukuhlala nezinye izinhlanga.
- 2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umakoti nezitilomisi zakhe baphuza ukufika esontweni.
  - ULindiwe wafika ephethe ingane emshadweni.
  - Ubaba kaTholi wamemeza ebuza ukuthi ubani owathatha ilobolo likamakoti.
  - Kwafika amaphoyisa abopha umakoti.
- 2.15
- Ukuthi kufanele ulalele uma ukhuzwa/uboniswa.
  - Akufanele uvumele uthando lukuvale izindlebe/amehlo.
  - Ubugebengu abubuyiseli.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Izimpendulo ziyokwehluka:

Izibonelo zezipendulo:

- Ngangiyoyeka ukuqamba amanga ngomsebenzi nangempilo yami.
- Ngangiyoshintsha ngiziphathetha kahle ngiyeke ubugebengu.

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi)

(2)

2.17 2.17.1 C Umshayeli wemoto ebomvu

2.17.2 E Ukuqabula

2.17.3 A Ingubo egqokwa oshonelwe

2.17.4 B Wayenodlame

2.17.5 D Abantu abathunywa ukuyolobola

(5 x 1)

(5)

[35]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO****UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

- 3.1 Basesibhedlela. (1)
- 3.2 Wavukwa yisifo senhliziyo bamphuthumisa esibhedlela/Wagula/Waquleka/Wawa. (1)
- 3.3 Wathi usezokwenza konke okusemandleni akhe ukuthi abeke uNdabezitha phambili ngaphambi kokwenza noma yini ethinta isizwe. (2)
- 3.4 Ukuba nguSihlalo womhlangano. (1)
- 3.5 Wawuthi sekufike abameli bezinhlangano zombili nesikhulu esivela kuHulumeni, bafisa ukukhuluma nesizwe senkosi. (2)
- 3.6 B/Ukudala uxolo. (1)
- 3.7 Wafunda oHlange High School. (1)
- 3.8 Izimpendulo ziokwhluka:
  - Ekuqaleni wayehlohlha uDuma ukhuthi angayihloniphi inkosi,
  - Elokubonisa umyeni wakhe uDuma ngokubaluleka kokubambisana kwabaholi emphakathini.
  - Walekelela ekudaleni uxolo phakathi kwenkosi noDuma
 (2)
- 3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
  - Indawo isaphethwe inkosi nezinduna.
  - Imigwaqo isewubhuqu.
  - Kusabizwa izimbizo.
  - Awukho ugesi.
  - Kusafuywe nezinkomo.
 (2)
- 3.10 Kwaba khona udlame endaweni; abantu baqembukelana phakathi; uMbandlwya wabulawa ngabantu ababeskela inkosi uShandu. (2)
- 3.11 Ukashayisana/ukungqubuzana phakathi kombuso wentando yeningi Kanye nombuso wendabuko. (2)
- 3.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
  - ODuma noMbandlwya bakhuluma ukwedelela.
  - Banqaba ukwenza okushiwo yinkosi.
  - Unkosikazi kaDuma waduba waphindela kubo.
 (2)

- |      |   |  |             |
|------|---|--|-------------|
| 3.13 | 3.13.1  | <ul style="list-style-type: none"> <li>• UDlamini uvezwe njengomdlali onochuku obhebhezelala udlame.</li> <li>• Uthando analo ngenkosi lumenza athathe izinqumo ezingafanele abe nodlame kubantu.</li> <li>• Unesandla esilula</li> </ul>  | (2)         |
|      | 3.13.2  | <ul style="list-style-type: none"> <li>• UMbandlwa uvezwe njengomuntu odelelayo, ongalaleli.</li> <li>• Wazisa umsebenzi wakhe kakhulu kunenhlalakahle yabantu.</li> <li>• Onenkani</li> </ul>   | (2)         |
| 3.14 | Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:  |  |             |
|      |   | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Kwashona uMbandlwa noDlamini.</li> <li>• Kwasha imizi yabantu.</li> <li>• Inkosi yawa yaphathwa yisifo senhliziyo.</li> <li>• Abantu baqembukelana phakathi.</li> <li>• Kwaba nenzondo emphakathini.</li> <li>• Kwaphazamiseka izinhlelo zentuthuko.</li> </ul> | (3)         |
| 3.15 | Akumsizanga ngoba isinqumo sokumbeka icala asishintshanga yingakho inkosi uShandu kwakufanele amfunele ummeli ozomkhulumela uma esenikwa isigwebo/Icalal aliphelanga. |  |             |
| 3.16 | UMBONO: Izinkomo ziyahamba emigwaqweni enetiyela ngaphandle kokulimala.   |  |             |
| 3.17 | 3.17.1  | D uSidamba   |             |
|      | 3.17.2  | E uFohloza   |             |
|      | 3.17.3  | A uMaMsomi   |             |
|      | 3.17.4  | C uDuma  |             |
|      | 3.17.5  | B uMaNgema   | (5 x 1) (5) |

NOMA

#### **UMBUZO 4: /SIKO NELUNGELO – N Zulu**

- 4.1 UNondumiso. (1)

4.2 Abazange bazifundise izingane ngamasiko esintu. (2)

4.3

  - Wathi akawufuni umsindo uma sebefika emzini.
  - Wathi kufanele azithobe njengemu. (2)

4.4 Wayesejele. (1)

- 4.5 Ukwenqaba kukaThenjiwe ukushada/ukugana/ukungenwa uDumisani. (2)
- 4.6 A/Ukushaya. (1)
- 4.7 Wabulawa abantu ngesikhathi sodlame. (2)
- 4.8 Izibonelo EZIMBILI kwezilandelayo:
- UThenjiwe uyalazi ngoba uyasho ukuthi bangalokothi emzini bakhulume indaba yokungenwa.
  - UMaMbatha etshela uDumisani ukuthi alikho ihlazo ekuthatheni isikhundla somfowabo.
  - UMaNzuza ongumakhelwane wathi uyalazi leli siko ngakho-ke kufanele bamchazele kahle uThenjiwe.
  - UMondise uyalazi leli siko waze washo ukuthi lenziwa kwaDubazane nakwaMnqayi abangomakhelwane wabo.
- 4.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwaqhamuka uDumisani wacela ukukhuluma noThenjiwe,
  - Wathi uma enqaba uThenjiwe uDumisani wambamba ngenkani.
  - UThenjiwe washaya uDumisani ngetshe ekhanda.
  - UDumisani wakhahlela uThenjiwe esiswini.
  - USipho wakhipha ummese wagwaza uDumisani engalweni.
- 4.10 4.10.1 USipho:  
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uvezwe njengomngani omkhulu kaThenjiwe.
  - Unothando ngoThenjiwe.
  - Ungumuntu onoxolo.
- 4.10.2 UThabi:  
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uvezwe njengengane ezikhulumelayo/ephaphile.
  - Uvezwe njengomuntu onothando.
  - Uyaqaphelisa, ngoba wakwazi ukubona uThenjiwe efaka ubuthi etiyeni likaDumisani.
- 4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wasukuma wahamba oManzini noMaMbatha besakhuluma naye.
  - Wagoduka engachelanga, engaziwa futhi ukuthi uyephi.
  - Wafakela uDumisani ushevu etiyeni.
  - Wayephendulana nomamezala wakhe uMaMbatha.
- 4.12 UThenjiwe wagcina evumile ukushada noDumisani bagcina behlezi kahle. (2)

## 4.13 ESISODWA salezi ezilandelayo:

- Ngesikhathi ehlezi yedwa ekhishini emva komngcwabo kaSkhumbuzo ebalisa engazi noma bazovuma yini emzini ukuba ahambe ayoqala impilo entsha.
- Ngelanga ayehleli ngalo phansi kwesihlahla ekhumbula indlela abebehlahla ngayo noSkhumbuzo, ebalisa ngobubi besiko.
- Lapho uThenjiwe esebuyele emzini ehlanganisa izindlela zokubulala uDumisani.

(2)

## 4.14 IQINISO.

- UDumisani wayesenayo ingane nentombi yakhe. Ukungena uThenjiwe kwabe kusho ukuthi akehlukane nonina wengane.
- Ingane yayizokhula ingahlali noyise/ubaba wayo.

(2)

## 4.15 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo:

- Umama kaThenjiwe kwakufanele alwele ilungelo lengane yakhe njengomuntu wesifazane.
- Kwakufanele naye akhulume abeke owakhe umbono ngalolu daba lukaThenjiwe ngoba wayebona ukuthi alumphathi kahle.

(2)

## 4.16 4.16.1 D UThenjiwe

4.16.2 E Unkosikazi kaMondise

4.16.3 A Unkosikazi kaManzini

4.16.4 B UZungu

4.16.5 C Ingubo egqokwa oshonelwe

(5 x 1)

(5)

[35]

**AMAMAKI ESIQEPU B:** **35**

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE*****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)*****UMBUZO 5****5.1 USihawu Nesihawu – NE Mbesa**

- 5.1.1 Umalumekazi/Umkamalume/Indodakazi kagogo/UMaZulu (1)
- 5.1.2 ENdiyeni elabe lisetshenzelwa umama wakhe. (1)
- 5.1.3 WayengowakwaLuthuli. (1)
- 5.1.4 D/Ukungabi nabazali. (1)
- 5.1.5 Bakhule ndawonye, babefunda ndawonye emabangeni aphansi. (2)
- 5.1.6 Wayefuna ukwazi ukuthi uyabathola yini abantwana/unayo yini inzalo. (2)
- 5.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukhondolo Iwasemndenini.
  - Izifo zamasoka.
  - Uma umuntu wesilisa ake aphathwa uzagiga esemncane. (2)
- 5.1.8 Uvezwe njengomlingiswa okhipha izimfihlo okuyinto ephambene nomsebenzi wobudokotela. (2)
- 5.1.9 Wathi angalokothi asho ukuthi wamdlwengula. (2)
- 5.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukushonelwa umama wakhe.
  - Ukudlwengulwa yiNdiya noSihawu.
  - Ukungathandwa umalumekazi.
  - Ukusebenza esemncane/eseyingane (2)
- 5.1.11 IQINISO: Wayengabatholi ngoba izingane zazinezinwele ezigoqene njengezeNdiya.  
Akazange uBathobile aphinde athole abanye abantwana emshadweni.  
Udokotela wamtshela ukuthi ngeke azithole izingane (2)  
[18]

## 5.2 Imfihlo Kamakoti – MT Mkhize

- 5.2.1 Wayengumshayeli wamatekisi. (1)
- 5.2.2 Wamnikeza ibhantshi lakhe. (1)
- 5.2.3 Amantombazane akhona ayengalotsholwa. (1)
- 5.2.4 UMaSikhosana. (1)
- 5.2.5 WayengowakwaMnyandu. (1)
- 5.2.6 Amaphuzu AMABILI kwallandelayo:
- Yenzeka elokishini eMlazi.
  - Izinga lobugebengu liphezulu.
  - Izitimela zihamba ezindaweni ezihlala abantu.
  - Amathuna aphakathi elokishini.
- 5.2.7 Imiyalelo EMIBILI kwelandelayo:
- Wathi angamnikezi umama wakhe imali.
  - Akamakhele umuzi oyisitezi.
  - Amkhumbule njalo ngonyaka.
  - Akamfuni umuntu wesifazane kulowo muzi ngoba uzohlale emvakashela.
  - Imali ayisebenzise ngendlela enenzuko.
- 5.2.8 Wayeyiggibe eduze kwesihlahla ngasesiteshini sesitimela. (2)
- 5.2.9 Kwenza umoya wakhe wangakuthola ukuphumula. Waba wuhlupho emndenini nasemphakathini. (2)
- 5.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
- ABAVUMAYO: Babengayithatha imali ngoba yayizobakhipha ekuhluphekeni.
- ABAPHIKAYO: Babengeke bayithathe ngoba imiyalelo eyayibekwe uRebecca yayinzima.  
Babeyohlala ngokungakhululeki besaba isipoki. (2)
- 5.2.11
- Umbhali uyasexwayisa ukuthi akuphephile ukugibelisa umuntu ongamazi ebusuku emotweni.
  - Usifundisa ukuthi kuyenzeka ukuthi umuntu uma eshone enemfihlo angakutholi ukuphumula.
- (2)  
[17]

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO*****IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala*****UMBUZO 6****6.1 Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe**

6.1.1 Emsebenzini  
Kubazali (2)

6.1.2 Ukuxhumana okuyinxemu  
Ulimi lwami lube **qotho**,  
Ngibe **qotho** nanxa ngikhulum. (2)

6.1.3 Yinzwa yokulalela. (2)

6.1.4 A/ukungabi nasono. (1)

6.1.5 Ngiyafisa ukuba qotho (1)

6.1.6 Imvumelwano siqalo  
(Umugqa wama-23 nama-24)

**Ngi ...** (2)  
**Ngi ...**

Noma

Imvumelwano siqalo eyeqanayo  
(Umugqa wama-21 nowana-23)

**Ngi ...**  
**Ngi ...**

6.1.7 Imbongi ifisa ukufundisa nabanye abantu emphakathini  
ukubaluleka kokuba qotho nokwethembeka. (2)

6.1.8 Imbongi ikhuluma ngoSomandla nangokushumayela ngobuqotho. (2)

6.1.9 Iziphambeko zami zisuliwe. (2)

6.1.10 Kubalulekile ngoba ulimi lusetshenziselwa ukuxhumana nabanye  
abantu. Ulimi luyaxabanisa futhi ludala uxolo. Kubalulekile ukugada  
amagama owakhulumayo ngoba angadala izinkinga. (2)

## 6.2      **Ungumzali Onjani?- DA Hlophe**

- 6.2.1      llirikhi. (1)
- 6.2.2      • Iwisa.  
• Isihlangu. (2)
- 6.2.3      Umbuzombumbulu. (1)
- 6.2.4      Izwiwishiwishi/Umoya omkhulu/Iziphepho. (1)
- 6.2.5      (a) Umzali ongabanakekeli abantwana bakhe.  
(b) Adla esuthe engazi ukuthi izingane zakhe zidleni. (4)
- 6.2.6      Isingathekiso. (2)
- 6.2.7      Yayiphatheke kabi/icasukile/idiniwe ngezenzo zomzali zokungakhuseli abantwana bakhe ngendlela efanele. (2)
- 6.2.8      Evulekile/l-enjambamenti. (2)
- 6.2.9      Izimpendulo ziyokwehluka:  
 • Ukugcizelela indlela aphatheke kabi ngayo.  
 • Ukungabi nazimpendulo emibuzweni ayibuza umzali wakhe. (2)  
**[17]**

**AMAMAKI ESIQEPU D:** 35  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 70



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2015**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi angama-19.**

**IMIYALELO KWABAHOLWAYO**

1. Fundisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhiasi elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPEHU EZINE:

ISIQEPEHU A: Inoveli	(35)
ISIQEPEHU B: Umdlalo	(35)
ISIQEPEHU C: Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPEHU D: Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

ISIQEPEHU A: INOVELI

Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPEHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPEHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

ISIQEPEHU D: IZINKONDLO

Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izinkondlo ezihlolwayo.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.
7. Bhala izinombolo zezipendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
8. Qala ISIQEPEHU ngasinye ekhiasi ELISHA.
9. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo nesifundekayo.
10. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

**ISIQEPHU A: INOVELI****Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA ngenoveli oyifundile.**

<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>AMAMAKI</b>	<b>IKHASI</b>
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	35	5
2. <i>Umshado</i>	35	7

**ISIQEPHU B: UMDLALO****Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA ngomdlalo owufundile.**

3. <i>Ababulali Benyathi</i>	35	9
4. <i>Isiko Nelungelo</i>	35	11

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE****Phendula imibuzo YOMIBILI.**

5.1 'USihawu Nesihawu'	17	14
5.2 'Imfihlo Kamakoti'	18	15

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO****Phendula imibuzo YOMIBILI.**

6.1 'Ngiyafisa Ukuba Qotho'	18	17
6.2 'Ungumzali Onjani?'	17	18

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe (Checklist):**

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE (✓)
A: INOVELI	1–2	1	
<b>NOMA</b>			
B: UMDLALO	3–4	1	
<b>NOMA</b>			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	5	1	
<b>NOMA</b>			
D: IZINKONDLO	6	1	
<b>QAPHELA:</b> Qiniseka ukuthi uphendula imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

**ISIQEPHU A: INOVELI****UMBUZO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

Kwamthatha izinyanga ezintathu zonke engawutholi umsebenzi, okubi nje wayefa umzwangedwa emini ehleli yedwa. Ngalesi sikhathi engawutholi umsebenzi, kwavela enye insizwa eseberna ezimayini yamthatha. Yahamba naye yafika yamfaka emgodini, waseberna izinyanga eziyisishiyagalolunye. Kwathi nje kusekuhle esaseberna nje mathambama, wathunywa umlungu ukuba ayothatha isitsha sokudla lapho ayesikhohlwe khona.

Wahamba ngokushesha. Lapha emgodini kukhona izindawo eziyimigodi emnyama esabekayo ongathi uma ungazelele ukhalakathele kuyona ungabonwa muntu. Wahamba-ke waze wayofika bude buduze nalapho ayethunywe khona. Wathi esathi uthatha isitsha, wabona amadoda amane ebambe enye indoda izandla nemilenze ayiphonsa emgodini.

Yakhala ngezingane zayo. Aphenduka la madoda ambona, amsukela. Akabuzanga elangeni ngokwakuzomehlela uma embamba la madoda. **Wacela empunzini**, amjaha. Zaya kakhulu waze wayofika kumlungu owayemthumile. Wambuza umlungu ukuthi ubalekelani kangaka. Wamtshela. Umlungu wathi akayotshela amaphoyisa. Wathi ngeke ngoba bambonile kanti yena akabazi, akababonanga kahle ngoba ubesesabela impilo yakhe.

Watshela umlungu ukuthi useyesaba ukuthi bazombulala naye, kungcono abaleke. Wacela kumlungu ukuba amsize ambelethe ngemoto amshiye esiteshini. OThusheleni bathuka esegalakadela endlini nje ethukile umbona emehlwani. Bambuza, wabatshela yonke indaba. Wabatshela nokuthi akabange esavalelisa kumngani wakhe. Bavumelana naye ukuthi wenze kahle wabaleka. Bamxoxela ezinye ababezizwe ngendaba ukuthi ziyanzeka.

- 1.1 Wawufuna isikhathi esingakanani umsebenzi uManyoba? (1)
- 1.2 Wayehlala kuyiphi indawo eGoli uManyoba ngenkathi efuna umsebenzi? (1)
- 1.3 Yini eyabonwa nguManyoba emgodini wasezimayini? (2)
- 1.4 Yiziphi izizathu ezena ukuthi uManyoba angayi kobikela amaphoyisa ngesigameko asibona senzeka emgodini? Bhala amaphuzu AMABILI. (4)
- 1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

**Ukucela empunzini.**

Lesi simo sokukhulumu esibhalwe ngokugqamile shiso:

- A      Ukusaba
- B      Ukuzibonela
- C      Ukubaleka
- D      Ukwethuka

(1)

- 1.6 Kwakungubani unkosikazi kaManyoba? (1)
- 1.7 Kwakukuphi emakhaya oManyoba noThusheleni? (1)
- 1.8 Chaza isimo senhlalo phakathi kukaManyoba nezinsizwa zangakubo ngesikhathi behlala ndawonye eGoli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.9 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kwamadodana kaManyoba namakhosikazi awo. (2)
- 1.10 Chaza ukuthi uMaNyoba nonkosikazi wakhe baluthola kanjani usizo lokubuyela emzini wabo ngenkathi besuka eMnambithi. (2)
- 1.11 Isenzo sikaFanyana sokugcina evumelene nesinqumo sabafowabo sokuthi bahlukanise abazali babo simveza njengomlingiswa onjani? (2)
- 1.12 Wakukhombisa kanjani uManyoba ukuthukuthela kwakhe ngesenzo esenziwa ngamadodana akhe? (2)
- 1.13 Yini inhloso yombhali yokubhala ngezigameko ezehlukene ezithinta impilo yabantu kule ndaba? (2)
- 1.14 Ngokucabanga kwakho ukuba indodakazi kaManyoba uMirriam yayifundile yayingathatha siphi isinqumo ngenkinga yokuhlupheka kwabazali bayo? (2)
- 1.15 Le ndaba isivezela okuningi okwenziwa izingane kubazali bazo uma sezifundile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 1.16 Bhala ingwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.17 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

<b>IKHOLOMU A</b>	<b>IKHOLOMU B</b>
1.17.1 uThusheleni	A Wayenamakhosikazi amabili.
1.17.2 uMpunzi Mathonsi	B Indodana kaManyoba
1.17.3 uThembalihle	C Babevela emakhaya noManyoba
1.17.4 uNtombela	D Waxoshwa efemini
1.17.5 uMvinjelwa	E Umzukulu kaManyoba noMaNdlovu

(5 x 1)

(5)

[35]

**NOMA**

**UMBUZO 2: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA B**

'Asingene endlini sixoxe kahle Bheki. Mina angimi nawe phandle kwami mntakwethu. Awuzanga ngani ukuzongicinga namuhla? Kukhona engone ngakho?'

Ikhulumu nje intokazi ilokhu imphulula kancane uBheki. Uyagodola uBheki wuvalo. Akakaze ayicabange indaba yokuthi uTholi angeza lapha kubo.

'Uhamba ngani Tholi?'

'Ngihamba ngemoto. Nansiya. Eqinisweni nje ngizokulanda.'

Abone uBheki ukuthi namuhla kunamuhla. Kusobala ukuthi azokwenza kuzoveza kahle ukuthi ukhetha bani. UTholi ebona uBheki engaphenduli avele amange. Aqale amphulule entanyeni. Babambane. Balokhu bedudulana beqabulana kuze kuvuleke umnyango. Kube sengathi ubanjwa ugesi uBheki. Avale ngokushesha. Usavalani. UTholi noLindiwe sebebonene vele.

'Kanti unesivakashi Bheki?'

'Yebo mntakwethu.'

'Pho awusho ngani?'

Ummangaze lo mbuzo uBheki. Aqhubeke uTholi: 'Asingene endlini phela ngitshele lo muntu ukuthi ngizokulanda.'

'Hawu! Kahle Tholi!'

Athi esalindele impendulo uBheki, vuliyane umnyango uTholi. Asho ngaphakathi.

Angene nobheki. Ahlale uLindiwe athule du. Abingelele ngesikhulu isizotha uTholi. Avume uLindiwe.

'Ungadinwa sisi. UBheki ngizohamba naye njengamanje; uzobuya ekuseni.' UBheki abuke uTholi emehlwani njengomuntu omangele. Ahwaqe uTholi.

'Lunga sihambe Bheki. Angizile ukuzohlala lapha.' Kuzwakale ukuthi uTholi usekhulumu ngolaka.

'Ngihambe Lindiwe?'

'Hamba,' asho ngelosizi uLindiwe.

'Ngempela Lindiwe?'

Angaphenduli uLindiwe. Asukume angene ekamelweni. Avale umnyango. Abone uBheki ukuthi idlozi lakubo limlahlile.

- 2.1 Wayezokwenzani uTholi kubo kaBhekani? (1)
- 2.2 Ubani owayeshayela imoto ayefike ngayo uTholi? (1)
- 2.3 Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele:  
Kwase kuphele izinyanga ezi ... uLindiwe agcina ukufika kubo kaBhekani. (1)
- 2.4 Yini uLindiwe ayitshela uBhekani njengoba emvakashele? (1)
- 2.5 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uBhekani wayesesaba kakhulu. (2)

2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

'Abone uBheki ukuthi **idlozi lakubo limlahlile.**'

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

- A Ukuba nengozi
- B Ukuba nenhlanhla
- C Ukuba senkingeni
- D Ukuba isangoma

(1)

2.7 ULindiwe wayeyintombazane engaziphethe kahle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI.

(2)

2.8 Yiliphi iphupho likaBhekani elaba wuphawu lokuthi ubaba kaBhekani akamfuni uTholi?

(2)

2.9 Yini eyayenziwa umama kaBhekani eyayikhombisa ukuthi ukholelwa kwabaphansi/emadlozini.

(2)

2.10 Wenzani uBhekani ngenkathi ebona ukuthi umalume wakhe akafiki kuze kube usuku lokuyolobola uTholi?

(2)

2.11 Bhala izeluleko EZINTATHU uSifiso ayezinikeza uBhekani.

(3)

2.12 Bhala isigameko ESISODWA sodweshu Iwangaphandle olutholakala kule ndaba.

(2)

2.13 Xoxa ngesimo senhlalo yaseNyawushane. Bhala amaphuzu AMABILI.

(4)

2.14 Bhala izigameko EZIMBILI ezenzeka ngosuku lomshado.

(2)

2.15 Nikeza umyalezo owethulwa umbhali wale ndaba.

(2)

2.16 Ukuba wawunikwa ithuba lokuba nguTholakele, wawungenzenjani uma usuthole umuntu okuthanda njengobhekani? Bhala amaphuzu AMABILI.

(2)

2.17 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
2.17.1 UPamella	A Ingubo eggokwa oshonelwe
2.17.2 Ukwanga	B Wayenodlame
2.17.3 Inzilo	C Umshayeli wemoto ebomvu
2.17.4 UBhatomu	D Abantu abathunywa ukuyolobola
2.17.5 Abakhongi	E Ukuqabula

(5 x 1)

(5)

[35]

**AMAMAKI ESIQEPU A:****35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO****UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

*(Kusesibhedlela, inkosi uShandu ilele embhedeni. Usebukeka engconywana ngoba uyakhulum. Eduze kwakhe kukhona uMaNgema, uMfundisi uMazongolo, usayitsheni, uMaShezi kanye noDuma.)*

- DUMA: (Akhothame) Ngiyabonga Ndabezitha. Kusukela manje sengizokwenza konke okusemandleni ami ukuthi ngibeke uNdabezitha phambili ngaphambi kokwenza noma yini ethinta isizwe.
- SHANDU: Kulungile-ke Duma. Manje sizoyenzenjani lena yabantu abazobulalana egameni lakho, kanye nasegameni lami?
- MAZONGOLO: Ukhona uMdali kulolo daba Ndabezitha.
- MANGEMA: Kufanele uhambe umyalezo noxolo oselukhona phakathi kwenkosi noDuma ukuze abantu nabo behlise ulaka lwabo phezu komunye nomunye.  
*(Kukhale iselula kaSayitsheni ayihoshe, akhulume.)*
- SAYITSHENI: Halo! (Athule kancane) Yebo! Wo ... Osopolitiki bezinhlangano zombili nesikhulu sikahulumeni? (Athule kancane) Avume kancane, ngizobuyela kuwe emva kwemizuzwana nje. (Aluvale ucingo)  
*(Bonke endlini sebehlahle amehlo.)*
- MANGEMA: (Ngezwi elinexhala lokulangazela ukwazi okwenzekayo) Sayitsheni kwenzekani manje?
- SAYITSHENI: Cha, ngumphathi wami uKaputeni uDlungwane. Uthi, endaweni sekufike abamele izinhlangano ezimbili ezintsha, kanye nesikhulu sikahulumeni. Banesifiso sokukhuluma nesizwe sikaNdabezitha. (Abhekise enkosini) Uthini uNdabezitha kulokho?
- SHANDU: (Amamatheke) Sayitsheni, mina ngiyavuma. Mabazame ukucisha lo mliyo. Phela bazoqedana abantu uma silibala yingevo. Ngicela ningiphe ipheshana khona ngizobhala umyalezo ozofundelwa abantu.  
*(Atatazele usayitsheni ehosha ibhukwana nepeni. Amonyule ipheshana bese elidlulisel enkosini, nepeni.)*

SAYITSHENI: (*Enika inkosi*) Ndabezitha!

(*Ibhale inkosi. Ngaleso sikhathi laba abanye babukana ngamehlo amahle futhi bayamamatheka. UMfundisi uMazongolo ucimezile nezandla uzihlanganisile okomuntu okhulekayo. Ibhale ize iqede inkosi.*)

SHANDU: (*Yelule isandla inikeze umfundisi lelo pheshana*) Mfundisi, nguwe usihlalo kulolu daba. Hambani nonke. Mina ngizolulama.

- 3.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqephу? (1)
- 3.2 Yini eyenzekile njengoba inkosi uShandu ikule ndawо? (1)
- 3.3 Bhala isinqumo esathathwa nguDuma njengoba ekhuluma nenkosi. (2)
- 3.4 Yisiphi isikhundla inkosi eyasinikeza uMfundisi Mazongolo? (1)
- 3.5 Wawuthini umyalezo wocingo owatholwa nguKaputeni uDlungwane? (2)
- 3.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

**Mabazame ukucisha lo mliyo.**

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

- A Ukudala umlilo  
 B Ukudala uxolo  
 C Ukudala umsindo  
 D Ukudala ukukhuluma (1)

- 3.7 Bhala igama lesikole afunda kuso uMaShezi. (1)
- 3.8 Yiliphi iqhaza elabanjwa nguMaShezi kulo mdlalo? (2)
- 3.9 Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.10 Chaza ukuthi washona kanjani uMbandlwa? (2)
- 3.11 Bhala indikimba yalo mdlalo. (2)
- 3.12 Yiziphi izigameko EZIMBILI ezenzeka emzini kaDuma mhla kufika unogada ethunywe yinkosi uShandu? (2)
- 3.13 Umbhali ubaveze kanjani laba badlali abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomdlali ngamunye.
- 3.13.1 UDIlamini (2)
- 3.13.2 uMbandlwa (2)

- 3.14 Ukungasebenzisani kukaShandu noDuma kwaba nomthelela omubi endaweni. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 3.15 Ngokucabanga kwakho ukusebenzisa kukaDlamini umuthi/ukuggaba kwamsiza yini ukuba awine icala enkantolo? Sekela impendulo yakho ubhekise kulo mdlalo. (2)
- 3.16 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umgwaqo onetiyela ulimaza izinselo/amasondo ezinkomo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.17 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
3.17.1 Ummeli	A UmaMsomi
3.17.2 Unogada	B UMaNgema
3.17.3 Inkosikazi yenduna	C UDuma
3.17.4 Ikhansela	D USidamba
3.17.5 Inkosikazi yenkosi	E UFohloza

(5 x 1) (5)  
[35]**NOMA****UMBUZO 4: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA D**

(UMondise ukhuluma noThenjiwe endlini)

MONDISE: Kubi ukungalaleli. Usufuna ukuyokonisa udadewenu-ke manje kanti uzihlalele kahle emzini? Ufuna ukubonani kanti? Ufuna ngikubambe ngezandla?

THENJIWE: (Zigcwale amehlo) Ngiyaxolisa baba. Ngicela wazi ukuthi ukubuyela kwami emzini akusho ukuthi ngiyogana uDumisani.

MONDISE: Le nkani yakho isifake abantu abaningi ezinkingeni. Ngiyajabula ngoba amaphoyisa ambophya ngokushesha uSipho.

THENJIWE: Hawu baba. USipho uboshiwe?

MONDISE: Uboshiwe, angithi uyena lo odala ube nenkani.

THENJIWE: USipho akanacula. Wayengilamulela.

MONDISE: Ukhona umuntu olamula ngommese? Lunga-ke ntokazi. Kuzofuneka sidlule kugogo wakho. Uvele wavukwa ukugula kwakhe ezwa lezi zimanga zakho. Angazi noma siyomfica esaphila.

THENJIWE: Uthi nimtshelile ukuthi ngiganiswa umuntu ngingamfuni.

MONDISE: Usuyomtshela wena lokho. Thina usibeka icala lokuthi asikufundisanga ngani onke amasiko esintu. Cishe naye ufunu ukulahlela umlomo okokugcina.

THENJIWE: Angifuni baba ukubuyela emzini.

MONDISE: Ayikho into engenziwa manje. Emva kokulimala kukaDumisani uyaphoqeleka ukuthi uhambe. Sizosuka ngezimoto zasemini lapha ukuze sedlule esalukazini. Siyahamba akukho okunye. Uyangizwa?

THENJIWE: Kodwa ba ...

MONDISE: Siyahamba emini. Uyangizwa?

THENJIWE: Asihamb ...

MONDISE: Sengathi usungikhohliwe wena. Siyahamba emini. Kuphela-ke. Uyezwa?

THENJIWE: Ngiyezwa baba.

MONDISE: Uma sengithi asihambe, siyobe sesihamba. Emzini angisafuni msindo ozowususa manje. Ngifuna uzithobe ufanu nemvu. Ususiphoxe kakhulu. Hamba uqoqe izimpahla zakho zonke. (*Behlukane*)

- 4.1 Ngubani udadewabo kaThenjiwe okukhulunya ngaye lapha? (1)
- 4.2 Yiliphi icala ugogo kaThenjiwe alibeka uMondise nomkakhe? (2)
- 4.3 Yisiphi iseluleko uMondise asinika uThenjiwe ngendlela okwakumele aziphathe ngayo uma efika emzini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 4.4 Wayekuphi uSipho ngesikhathi uThenjiwe ekhulumu noMondise? (1)
- 4.5 Yisiphi isizathu esenza ugogo kaThenjiwe avukwe ukugula? (2)
- 4.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

**'Ufunu ngikubambe ngezandla?'**

Lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

- A      Ukushaya
- B      Ukubambana
- C      Ukuxhawulana
- D      Ukusizana

(1)

- 4.7 Washona kanjani umyeni kaThenjiwe? (2)
- 4.8 Bhala OKUBILI okukhombisa/okufakazela ukuthi abantu bale ndawo bayalazi isiko lokungenwa. (2)
- 4.9 Yisiphi isigameko esenzeka esitolo mhla uThenjiwe ehamba noSipho? Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.10 Ngabe umbhali ubaveze njengabadlali abanjani laba abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomdlali ngamunye:
- 4.10.1 USipho (2)
  - 4.10.2 UThabi (2)
- 4.11 UThenjiwe uwenzile amaphutha emzini kaManzini ukukhombisa ukucasuka. Bhala amaphuzu AMABILI ukufakazela lesi sitatimende. (2)
- 4.12 Bhala ingwijkhwebu etholakala kulo mdlalo. (2)
- 4.13 Bhala isigameko ESISODWA sodweshu Iwangaphakathi lukaThenjiwe. (2)
- 4.14 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi isenzo sikaMaMbatha sokuphoqeleta isiko sakthombisa ukungabi nozwelo enganeni kaDumisani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.15 Ngokucabanga kwakho yini okwakufanele yensiwe ngumama kaThenjiwe ukuvikela ilungelo lendodakazi yakhe? (2)
- 4.16 Qondanisa IKHOLOMU B no KHOLOMU A.

<b>IKHOLOMU A</b>	<b>IKHOLOMU B</b>
4.16.1 Ummeleli	A Unkosikazi kaManzini
4.16.2 UMaMkhize	B UZungu
4.16.3 UMaMbatha	C Ingubo egqokwa ngoshonelwe
4.16.4 Umlamuli	D UThenjiwe
4.16.5 Inzilo	E Unkosikazi kaMondise

(5 x 1) (5)  
[35]**AMAMAKI ESIQEPU B:** **35**

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE*****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)***

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo, UMBUZO 5.1 NOMBUZO 5.2.

**UMBUZO 5****5.1 'USIHAWU NESIHAWU' – NE Mbesa**

Fundisa isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Bathobile, khululeka, kukwenu lapha. Wena ungowami noma kunini. Njengoba usemncane kangaka ubusuzosebenza kuze kube nini? MaZulu yenzela ingane okuya ngasethunjini.'

'Hawu! Umntanomntanami useze wavuvuka amehlo ukukhala. Hm! Hm! Bayadela mame abangazange babuzwe ubuntandane,' asho ugogo ngezwi elidlekezelayo ejeqeza indodakazi yakhe ebakluluzayo lapho iyophuma ngomnyango. Ugogo phela usekhaliswa ulunya olukhonjiswa indodakazi yakhe. Kodwa ngabe ingane eyazalwa nguye impela lena eseyaphenduka isilwane esinje?

'Hhayi thula Mama, musa ukwehlisela indodakazi yakho ngamashwa. Myeke nje lona wena, ungangeni lapho,' kusho umalume kaBathobile ngokukhulu ukukhathazeka.

UBathobile azitshele ukuthi ugcinile ukukhala. Usizi lokushiywa ngunina usezolumunyungela ngaphakathi eyedwa. Kuthe ngantambama wabe eseyokukha amanzi emthonjeni. Phela uninalume akazalanga. Uma sezikile izitimela, uyena ugogo lona azixoxela naye. Uthe lapho ugogo ethi bazohamba bobabili, uBathobile wathi, 'Hhiya Gogo, ake uphumule bo! Njengoba sengikhona mina, asisazoba bikho isidingo sakho sokuya emthonjeni,' washo ephuma nomgqomo.

Uthe lapho ethi memfu, nangu umuntu enconde ngomuthi. Kazi sekuzokwenzekani-ke manje! Nkosi yami! Hawu, sengathi uSihawu nje! Lapho inhlizyo isithi ayiphume ngomlomo uvalo.

Abe eselapha uSihawu, athathe umgqomo awubeke phezu kwedwala. 'Sawubona-ke Nkosazana enhle kunawo wonke esengake ngawabona. Cha, ungethuki. Kudala ngilindile. Bengizophatheka kabi uma bekukhona oze naye. Kunjani, urike kahle komalume?'

- 5.1.1 Ubani ofaniswa nesilwane kulesi siqeshana esingenhla? (1)
- 5.1.2 Wabe esebezena kuphi uBathobile njengoba esebuyele kwamalume wakhe? (1)
- 5.1.3 Wayengowakwabani isibongo uSihawu? (1)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

'Bayadela mame abangazange babuzwe **ubuntandane**'  
Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile shiso:

- A Ukuhlushwa abazali
- B Ukuzondwa abazali
- C Ukusebenzela abazali
- D Ukungabi nabazali

(1)

5.1.5 USihawu noZwakele babevele bazana kusukela besebancane.  
Sekela lesi sitatimende.

(2)

5.1.6 Yisiphi isizathu esasenza uSihawu aye kobona udokotela?

(2)

5.1.7 Bhala izinto EZIMBILI athi udokotela zingadala ukuthi umuntu wesilisa angabatholi abantwana.

(2)

5.1.8 UZwakele uvezwe njengomlingiswa onjani?

(2)

5.1.9 lyiphi imfihlo uSihawu acela ukuthi uBathobile angayivezi ngenkathi besemthonjeni?

(2)

5.1.10 Buningi ubunzima ahlangana nabo uBathobile empilweni futhi angeke abulibale/abukhohlwe kalula. Bhala ngamaphuzu AMABILI.

(2)

5.1.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uSihawu wayengabatholi ngempela abantwana? Sekela impendulo yakho.

(2)

## 5.2 'IMFIHLO KAMAKOTI' – MT Mkhize

Fundisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA F

'Qha, kanti nami bengisazipholisela ikhanda nje, wena Sisi wami ngenxa yokuthi owesifazane engabe ngishade naye wangiphatha kabuhlungu kakhulu, okunamanje nje ngisakhokhela amacala ayengidalele wona.'

'O, kwabuhlungu-ke lokho Bhuti! Sengathi ungaxola-ke nawe ukuze uthole omunye wesifazane ozokufudumeza njengoba ufisa.'

'Khona-ke ngingaxola, ngimthole nalowo ongangifudumeza, inkinga ngukuthi ngiyomlobola ngani njengoba abantu sebebiza kangaka ngezingane zabo?'

'Phela ukhumbule Bhuti ukuthi abantu nabo abefani lapha phandle. Uyabona nje kithi, thina asilotsholwa.'

'Yini le ongitshela yona Dadewethu? Usho ukuthi akukho lutho nje olukhishwayo uma umuntu ethatha intombi yakini?'

'Impela kunjalo Bhuti. Empeleni abazali bethu bakholelwa ekutheni uthando luyinto yabantu ababili, okungenasidingo sokuba baphazanyiswe ngabanye abantu.'

'Baqinisile impela nalapho Dadewethu ngoba nangaphezu kwalokho amanye amadoda aze aphaphe ngesihluku amakhosikazi awo ngoba nje ekhipha isibhongo sokuthi nawo akhishiswa kanzima ilobolo.'

Ngenkathi ebalisa ebusuku uRoy, igama lokuthi akulotsholwa yilona elabe lihamba phambili emqondweni wakhe. Wabuye wacabanga nangokuthi njengoba le ntokazi yabe ithe inguRebecca nje igama kanti yena unguRoy, ukuqala ngo-R kwamagama abo bobabili kwabe kuyisibikezelu sokuhlangana nokwazana okuthile phakathi kwabo.

- 5.2.1 Wabe enza msebenzi muni uRoy? (1)
- 5.2.2 Yini eyayizokwenza ukuthi uRoy aphinde abonane noRebecca? (1)
- 5.2.3 Yini engajwayelekile eyayenziwa kubo kaRebecca? (1)
- 5.2.4 Kwakungubani unkosikazi kaRoy ahlukanisa naye? (1)
- 5.2.5 Gcwalisa ngegama elifanele:  
  
URoy wabe engowakwa ... isibongo sakhe. (1)
- 5.2.6 Le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni. Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.2.7 Bhala imiyalelo EMIBILI uRebecca ayinikeza uRoy mayelana nemali. (2)
- 5.2.8 Wayeyifihi kuphi imali uRebecca? (2)
- 5.2.9 Kwaba namuphi umthelela kuRebecca ukushona ngelanga ayethole ngalo imali? (2)
- 5.2.10 Ukube wawunguRoy wawuyovuma yini ukuthatha imali kuRebecca nakuba esekutshelile ukuthi ufunu wenzeni ngayo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.2.11 Bhala isifundo esitholakala kule ndaba. (2)

**AMAMAKI ESIQEPU C:** **35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo, UMBUZO 6.1 NOMBUZO 6.2.

**UMBUZO 6: *IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala***

6.1 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe**

- 1 Ngiyafisa ukuba qotho
- 2 Ngishumayele ngobuqotho,
- 3 Ngibe qotho ezindleleni zami
- 4 Ulimi lwami lube qotho,
- 5 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.
  
- 6 Ngiyafisa ukuba qotho
- 7 Emisebenzini yami,
- 8 Nanxa ngikhandleka
- 9 Imisebenzi yami ibe qotho
- 10 Iziphambeko zami zisulwe.
  
- 11 Ngiyafisa ukuba qotho
- 12 Kubazali bami
- 13 Ngihloniphe omdala nomncane
- 14 Ukuze ngitshal' imbewu**
- 15 Yobuqotho esizweni sakithi.**
  
- 16 Ngiyafisa ukuba qotho
- 17 Eziphiweni zami enginazo
- 18 Ukuze ngisebenzise zonke
- 19 Ngokukhulu ukwethembeka
- 20 Ukuze ngijabulise abantu.
  
- 21 Ngiyafisa ukuba qotho
- 22 NakuSomandla uqobo!
- 23 Ngiziveze ngimsulwa kuye
- 24 Ngikhale kuye angizwe
- 25 Yen' owazi ngempokophelo yami.

- 6.1.1 Bhala izibonelo EZIMBILI zezinto imbongi efisa ukuba qotho kuzo ezitholakala esitanzeni sesi-2 nesesi-3. (2)
- 6.1.2 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala esitanzeni sokuqala emgqeni wesi-4 nowesi-5 bese unikeza nesibonelo sakho. (2)
- 6.1.3 Hlobo luni lwenzwa ('sense') oluqukethwe yilo mugqa olandelayo:  
**'Ngikhale kuye angizwe'** (2)

6.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

**Ukuba msulwa.**

Isimo sokukhuluma esisho:

- A Ukungabi nasono
- B Ukungakhali
- C Ukungakhulumi
- D Ukungafisi

(1)

6.1.5 Tomula impindwa etholakala kule nkondlo.

(1)

6.1.6 Bhala uhlobo lwemvumelwano olutholakala esitanzeni sokugcina bese ubhala nesibonelo sayo.

(2)

6.1.7 Chaza ukuthi imbongi iqonde ukuthini ngomugqa we-14 nowe-15 ebhalwe ngokugqamile.

(2)

6.1.8 Imbongi ingumKhrestu/iyikholwa. Sekela lesi sitatimende.

(2)

6.1.9 Bhala umugqa onefanangwaqa esitanzeni sesi-2 bese ulidwebela.

(2)

6.1.10 Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukuthi umuntu abe nolimi oluqotho?

(2)

6.2 Funda inkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ungumzali Onjani? – DA Hlophe**

- 1 Ungumzali onjani?
- 2 Odel' igazi lakhe
- 3 Lichithek' ezindabeni.
- 4 Sithi sihlezi sithokozile
- 5 Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.
  
- 6 Ungumzali onjani?
- 7 Onhlizyo yakhe iyitshe
- 8 Ongafuni ukusinika
- 9 Iwisa nesihlangu
- 10 Silwe sivike kudel' umakhasana
- 11 Kukhale ingwazi kukikizwe!
  
- 12 Ungumzali onjani?
- 13 Ongasingath' amachwane akhe,
- 14 Awafak' endleleni eyiyo,
- 15 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
- 16 Ziwathole ekhuslekile.

17	Ungumzali onjani?
18	Ohlal' anethezeke
19	Ashay' esingeqiwa ntwala
20	Kodwa ekhaya kudlang'usizi
21	Izingane zibona ngokusa.
22	Ungumzali onjani?
23	Onikwa isikhali sempilo
24	Ahlabane ngaso imizuzwana
25	Asitshinge phezulu
26	Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshele.

- 6.2.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)
- 6.2.2 Bhala izikhali EZIMBILI ezitholakala esitanzeni sesibili. (2)
- 6.2.3 Umbuzo osetshenziswe yimbongi kule nkondlo kuthiwa ngu ... (1)
- 6.2.4 Bhala igama elisho okufanayo nelibhalwe ngokuggamile kulo mugqa olandelayo:  
**'Kuthi lapho kufik' izivunguvungu'** (1)
- 6.2.5 Chaza ukuthi imbongi iqonde ukuthini ngale misho elandelayo:  
(a) 'Ongasingath' amachwane akhe' (2)  
(b) 'Ashay' esingeqiwa ntwala' (2)
- 6.2.6 Lo mugga olandelayo uqukethe hlobo luni lwesifengqo?  
**'Onhlizyo yakhe iyitshe'** (2)
- 6.2.7 Yayisesimweni esinjani imbongi ngenkathi ibhala le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.2.8 Le migqa elandelayo iluhlobo luni?  
**'Onhlizyo yakhe iyitshe  
Ongafuni ukusinika  
Iwisa nesihlangu  
Silwe sivike kudel' umakhasana'** (2)
- 6.2.9 Ngokucabanga kwakho imbongi iyisebenziseleni impindwa kule nkondlo? (2)

**AMAMAKI ESIQEPU D:** 35  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 70



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2015**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-7.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPU EZINTATHU:
 

ISIQEPU A: Indaba	(50)
ISIQEPU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
 

ISIQEPU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungazibali izihloko nezihlokvana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi:

Siyanda Isibalo Sezingane Ezintshontshwayo.

[50]

1.2 Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ukuhamba Ngebhanoyi Kungcono Kunokuhamba Ngezinye Izithuthi.

[50]

1.3 Abantu abanangi banezinkinga zokusebenzisa izinto ezahlukene zobuchwepheshe ('technology'). Bhala indaba ngesihloko esithi:

Kufanele Yini Ukuthi Wonke Umuntu Abe Nolwazi Ngezobuchwepheshe?

[50]

1.4 Bhala indaba ngesihloko esithi:

Mhla Ngibona Ubaba Okokuqala Empilweni Yami.

[50]


1.5 Kunomuntu owakusiza ngenkathi ukhula waze wagcina uphumelele emfundweni nasemsebenzini. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ngiyabonga Ngosizo Lwakho.

[50]

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe kuSchool Life Magazine, 2014]

[50]


1.6.2



[Sicashunwe ku-[www.victory.com](http://www.victory.com)]

**[50]**

1.6.3



[Sicashunwe ku-[www.canoeing.com](http://www.canoeing.com)]

**[50]**

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1 INCWADI EYA KUMHLELI**

Abantu bendawo yangakini bantshontsha izinja ngoba befuna ukwenza umquhadelwano/umncintiswano wokuthi zilwe. Bhala incwadi eya kuMhleli wephephandaba langakini uveze umbono wakho ngale nto eyenzekayo.

[30]

**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Umfowenu ushone engozini yemoto, umndeni ucele ukuba ubhale umlando ozofundwa enkonzweni yakhe yokugcina. Bhala umlando ngomufi.

[30]

**2.3 UMBIKO**

Benidlala ibhola lezinyawo, unompempe ukhiphe umdlali wenu ngekhadi elibomvu ('red card'). Abadlali bese befuna ukulwa. Uthishomkhulu ucele ukuba ubhale umbiko ('report') njengoba unguKaputeni weqembu lenu.

[30]

**2.4 I-INTHAVYU**

Uyintatheli yomsakazo i-Radio Jabula. Kufike umculi odume umhlaba wonke ezindlini osakazela kuzo. Bhala i-inthavyu ephakathi kwakho nalo mculi.

[30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:**

**30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**3.1 IFLAYA**


Uhlela umcimbi omkhulu wabafundi abaqede ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka zebanga le-12. Ufuna bazozijabulisa. Bhala iflaya ozoyithumela kuzo zonke izikole ofisa zifike kulo mcimbi.

**[20]****3.2 IDAYARI**

Umndeni wakho uhlela uhambo lokuyovakashela ugogo nomkhulu abahlala emaphandleni. Bhala idayari yezinsuku eziyisi-5 yezinto enizobe nizenza ngesikhathi nivakashile.

**[20]****3.3 INKOMBANDLELA**

Bheka le nkombandlela elandelayo bese ubhala indlela ibhasi elizohamba ngayo lisuka eZitendeni Township lize lifike eThola High School ngokulandela imicibisholo. Bheka inkombandlela ekhasini elilandelayo.



[Own source]

[20]

**AMAMAKI ESIQEPU C: 20  
AMAMAKI ESEWONKE: 100**